**INKULUMO KANGQONGQOSHE WEZOKUTHUTHA, UKUPHEPHA NOKUXHUMANISA UMPHAKATHI KWAZULU-NATAL UMNUZ BHEKI CELE ENKONZWENI YESIKHUMBUZO EHAMMERSDALE NGOLWESINE MHLAKA 04 JUNE 2009**

**Ngiyanibingelela nonke**

- Kuyadabukisa ukuthi sihlangane lapha namhlanje ukuzokhalisana nemindeni yabantu abahlanu abashone ngoLwesibili ngenxa yengozi ebandakanya ibhasi neveni.

- Kuyishwa futhi ukuthi umuntu usehambela izinkonzo ezinjengalezi kube ezinyangeni ezimbili ezedlule isifundazwe sethu senze kahle ekwehliseni izibalo zokufa kwabantu emigwaqeni ngesikhathi sePhasika. Inselelo esibhekene nayo ngukuthi phezu kokuzibophezela kwethu kwezokuphepha emgwaqeni, sisalokhu silahlekelwa ngabantu bakithi emigwaqeni.

- Umthetho wezomgwaqo awukuvumeli ukuthuthwa kwabantu ngamaveni. Sinxusa nabazali ukuthi baqikelele ukuphepha kwabantwana babo. Izingane akumele zilayishwe emavenini njengamasaka.

- Kodwa sinenkinga futhi ngabashayeli bezimoto ezinkulu njengamabhasi namaloli, abangabahloniphi abanye abasebenzisi bomgwaqo.

- Abashayeli ababudedengu banesandla esikhulu ekwandeni kobubha ezweni. Abantu bakithi abangenacala bashiya imindeni yabo nobuphofu ezweni elisebenza kanzima ukulungisa umonakalo owadalwa ubandlululo kubantu abaningi. Impilo iyashintsha ibe nzima kumalungu emindeni asuke esesele ngemuva.

- Izibalo zabantu ababulawa izifo ezihambisana ne-HIV/AIDS zisondelene nalezo zababulawa izingozi zomgwaqo. Umehluko nje ngukuthi kwi-HIV/AIDS, izihlobo ziyakwazi ukuzilungiselela zikwazi nokuvalelisa kwabathandiweyo babo.

- Kodwa emgwaqeni, izihlobo zimbona umuntu ehamba ekuseni zilindele ukuthi uzobuya ntambama kodwa bangaphinde bambone. Okunye futhi ngukuthi kufa abantu abondla imindeni lapha emigwaqeni. Lokhu sekudale amakhaya amaningi aphethwe izingane manje.

- Kuyasikhathaza futhi ukwenyuka kwezinga lentsha ebulawa izingozi zomgwaqo okuyinto esilahlekisela ngethalente elibalulekile njengezwe. Silahlekelwa yintsha engabaholi bakusasa baleli lizwe, abantu abasanda kuthola iziqu abayisisekelo somnotho waleli lizwe. Uma kushona oyedwa silahlekelwa sonke njengesizwe.

- Sithanda ukukhalisana nemindeni yalaba abalandelayo:

| Name | Age | Gender |
|---|---|---|
| 1. Khulekani Khumalo | 12 Years | Male |
| 2. Siphamandla Ngubane | 23  Years | Male |
| 3. Sibusiso Zondi | 15 Years | Male |
| 4. Mable M Khumalo | 36 Years | Female |
| 5. Lucky N Gumede | 42 Years | Male |
| 6. Siphelele Nxumalo | 15  Years | Male |
| | | |

- Siyethemba ukuthi mhlambe ngelinye ilanga abalele bayovula amehlo abaphilayo, abantu baqonde ukuthi izingozi zomgwaqo akuzona nje izingozi kodwa ngukubulala oqobo. Ukushayela budedengu nokungaziphathi kahle emgwaqeni ngukubulala nje kwaphela.

**Ngiyabonga**